Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2022

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-3

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba: (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: (2 x 25) (50)

   QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini A, NEMIBILI esiqeshini B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isibonelo: sebenzisa umdwebo osalulwembu/ifloshadi; amaphuzu asemqoka), phinda ufunde bese ulungisa namaphutha. Amalungiselelo mawabhalwe NGAPHAMBI kokuphendula umbuzo owukhethile.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-80 (2 x 40)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Bhala indaba ezophetha ngalawa mazwi:

'Hawu kanti ngiyaphupha!' **[50]**

1.2 Ngiyayithanda indlela abazali bami abangikhulisa ngayo. **[50]**

1.3 Zayima emthumeni ngalolo suku. **[50]**

1.4 Ukwakhiwa kwenxanxathela yezitolo emiphakathini kunemiphumela emihle nengemihle! **[50]**

1.5 Uhulumeni ubona kuyisixazululo sokunqanda ukubhebhetheka kwesifo sokhuvethe ngokuyalela bonke abantu bakuleli ukuthi bagome. **[50]**

1.6 Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6.1, 1.6.2 noma 1.6.3) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1

[Sithathwe ku-www.inspirational pics.com] **[50]**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.6.2



[Sithathwe ku-www.educational pics.com] **[50]**

1.6.3

[Sithathwe ku-www.inspirational pics.com] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.
  Isb. 2.1. Incwadi Yobungani.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umngani wakho onabazali abangomacaphunakusale bebemhlelele iholidi lokugubha usuku lwakhe lokuzalwa kwelinye lamazwe aphesheya kwezilwandle. Uhambo lwabo lubhuntshile ngenxa yokuqubuka kwesifo esingalapheki.

Bhala **incwadi** uzwelane naye, uphinde umnike ithemba. **[25]**

2.2 UMLANDO KAMUFI

Kudlule emhlabeni umculi odumile enikhule naye. Umndeni ukucelile ukuba uwulekelele ekubhaleni umlando kamufi.

Bhala **umlando** walo mculi. **[25]**

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Isigungu sabafundi besikole ofunda kuso besibambe umhlangano wokucela uxhaso kubafundi ababefunda kuso ukuze kuvuselelwe umtapo wolwazi.

Bhala i-**Ajenda kanye namaminithi alowo mhlangano.** **[25]**

2.4 I-INTHAVYU

Uxoxisana neKhansela langakini elisanda kukhethwa mayelana namasu elizowasebenzisa ukudala amathuba omsebenzi entsheni engasebenzi.

Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwakho kanye neKhansela. **[25]**

2.5 INCWADI YAKOMKHULU

Abafundi abahlala egunjini elingumakhelwane wakho ehostela lesikole ofunda kuso, bahlala bebanga umsindo njalo ngezimpelasonto. Lokhu kuphazamisa isikhathi sakho sokufunda ebusuku.

Bhala **incwadi** uyibhekise kuMphathi wehostela ukhalaze ngalesi senzo. **[25]**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

2.6 **ISIBUYEKEZO**

UMasipala walapho nihlala khona ubuwenze umcimbi wokuhalalisela labo abebebambe iqhaza emqhudelwaneni wama-Olimpiki emidlalo enhlobonhlobo obuse-Tokyo.

Bhala **isibuyekezo** salo mcimbi. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100